## UMNYANGO WEZABASEBENZI

## UMTHETHO WEZOBUDLELWANO KWEZABASEBENZI , 1995

## ISIMEMO SOKULETHWA KWEZIKHALO

**ISAZISO NGOKWESIGABA 32(2) SIFUNDWA NESIGABA 32(5)(c) SOMTHETHO WEZOBUDLELWANO KWEZABASEBENZI KA 1995: ISIVUMELWANO SOKUXOLELWA KWALABO ABANGAPHUMELELI UKWENZA OKUSHIWO ISIVUMELWANO KANYE NOKUXAZULULWA KWEZIMPIKISANO EMKHANDLWINI WOKUXOXISANA PHAKATHI KWABAQASHI NABASEBENZI EMBONINI YEZOKUTHUTHWA KWEMPAHLA EMGAQWENI**

1 Mina, **MILDRED NELISIWE OLIPHANT**, uNgqongqoshe WezabaSebenzi,lapha ngokwesigaba-32(2) sifundwa nesigaba 32(5)(c) soMthetho Wezobudlelwano Kwezabasebenzi, ka 1995, ngikhipha isaziso ngokwezihlinzeko zesigatshana 32(5)(c) sokumema izikhalo zomphakathi mayelana nesicelo soMkhandlu Wokuxoxisana Phakathi Kwabaqashi Nabasebenzi Embonini Yezokuthuthwa Kwempahla Emgaqweni sokwelulwa Kwesivumelwano Sabaqashi Nabasebenzi Sokuxolelwa Kwalabo abangaphumeleli Ukwenza Okushiwo Isivumelwano kanye Nokuxazululwa kwezimpikisano selulelwa kulabo abangeyona ingxenye yaso esalethwa eMnyangweni Wezabasebenzi mhlaka **11 kuZibandlela 2015.**

2 Izikhalo kumele zifike eMnyangweni Wezabasebenzi zingakapheli izinsuku ezingu 21 kusukela osukwini lokukhiswa kwalesiSaziso.

3 Ikhophi yalesisicelo ingahlolwa noma itholakale ku c/o Department of Labour, Laboria House, 215 Francis Baard Street, PRETORIA

4 Izikhalo kumele zilethwe kulelikheli elilandelayo:

